ULihle uhlala esigodini saseLangeni nobaba wakhe, uMnu Sakhile; nonina uNks Jabu; kanye nomkhulu wakhe, uMnu Mageba.

Kunezakhiwo ezimbili ekhaya lakhe ezibiyelwe ngocingo oluhlabayo. UMnuz Sakhile uqale ukwakha indlu esasebenza kwaZwakala General Dealer.

Usevele ubeke isisekelo samakamelo amahlanu, kanti kuze kube manje, sekwakhiwe amakamelo amabili kuphela.



Esinye isakhiwo yindlu yotshani okuyikhishi lapho unina ephekela khona.

Kwesinye isikhathi umndeni wonke wawudla isidlo sabo sakusihlwa ekhishini.

U-Lihle wayeneminyaka eyishumi nambili ekuqaleni kokulandiswa kwale ndaba.

Ubengumfana olungile, obewuthanda umndeni wakhe; nawo wonke amalungu omndeni.

Wayazi nokuthi kunezinto eziningi eminye imindeni enazo, umndeni wakhe ongenazo.

Abafana abaningi abalingana naye babenamabhayisikili, kodwa yena wayengenalo.

Ngenkathi ecela ibhayisikili kuyise, uyise wamtshela ukuthi uzomthengela ngosuku anemali ngalo, uLihle wayamukela le mpendulo.

Wayehlonipha uyise nomkhulu wakhe ngenhliziyo yakhe yonke.



UMnu Sakhile kamuva waxoshwa emsebenzini wakhe, kwaZwakala General Dealer.

Kodwa-ke, akahlalanga phansi, waqala ibhizinisi lakhe. Uvule ibhizinisi lokubaza, ekhaya lakhe.

Wenza izihlalo, amatafula, izinkezo zamapulangwe, izikhuphamba, izigqoko, nokunye abantu abebangamcela ukuthi akubaze.

U-Lihle kwesinye isikhathi ubesiza uyise ntambama uma kuphuma isikole.

Aphinde athunyelwe ukuletha ama-oda noma, nokuthengisa izinto ezithile ngezimpelasonto.

Kepha njengoba izinsuku zihamba, ukutengisa kwehla, ngaleyo ndlela, Mnu Sakhile wathola imali encane kunakuqala.

Wakhathazeka, futhi lokhu kwamlethela ingcindezi enkulu.

Indlela yakhe yokuphila yashintsha njengoba, wayephelelwa yisineke futhi ethukuthele.

Waba nempikiswano enkulu, futhi wayenamazwana amabi cishe kuyo yonke into.

U-Lihle wayefunda isikole emazingeni ase-primary. Lesikole sasiseduze nakubo.

Unina ubehlala emgqugquzela ukuthi afunde ngokuzikhandla ngoba, imfundo izomsusa enhluphekweni. Wayemlalela futhi, wakhulisa uthando lokufunda.

Akafundanga izincwadi zesikole kuphela, kodwa wafunda noma iyiphi incwadi ayengabeka izandle zakhe kuyo.



Wafunda namaphephandaba nomagazini. Lokhu kuholele ekutheni athole ulwazi, nolwazi oluningi kunontanga yakhe.

ULihle wayehlala eboleka incwadi ngemuva kwamasonto amabili noma amathathu emtatsheni wezincwadi.

Ubuye wa funda izincwadi zezindaba zesiNgisi, ezikhuphule ukulawulwa kwakhe kolimi lesiNgisi.

Ngenxa yalokho, othisha abaningi bamncoma ngokwenza kahle kwakhe.

Ubehlala ethola amamaki aphezulu noma yinini lapho kubhalwa izivivinyo.

Nalapho umama wakhe eyolanda umbiko wakhe esikoleni, wayebuyela ekhaya ejabule kakhulu.

Umfaniswana kaLihle wawusulahlekile umbala ngenxa yokuwashwa njalo. Futhi, wawunamachashaza ezindaweini eziningana.

Unina wayethungela iziqeshana noma kunini lapho kunengxenye edabukile. Abanye besifazane bake bamsiza lapho aye emfuleni eyowasha izingubo zakhe.

Babona ukuthi wayengenayo insipho eyanele, ngoba wayenensipho encane nje kuphela.



Bamupha inqwaba yempuphu yokuwasha angayisebenzisa nasesikhathini esizayo. Waguqa wabonga izintokazi ngomusa wazo.

ULihle wayengenazo izicathulo zesikole.

Umzala wakhe wake wamnika izicathulo, kodwa kwakungezona izicathulo zesikole.

AbakwaNECT nabakwaWoolworths bamsiza. Banikela ngezicathulo zesikole kubafundi besikole sakhe.

Lezi, zinikezwe ngesikhathi somcimbi obubanjelwe esikoleni.

Abafundi abakhethiwe, okubalwa kubo noLihle, bathola izicathulo nezikhwama zesikole.

U-Lihle ngezinye izinsuku wayeya esikoleni engadlile.

Ngenhlanhla, kunohlelo lokudla okunomsoco esikoleni, lapho abafundi benikezwa khona ukudla ngesikhathi sekhefu.

Babethatha ukudla bayokudla ekhaya, okiyilapho bezodla khona isidlo sakusihlwa.



Ngama holide ezikole, babenikezwa ukudla okungaboli okufana nempuphu, ubhontshisi nokunye.

Ngenkathi efunda ibanga lesikhombisa, ubaba kaLihle wamlungiselela ukuthi aye esikoleni iKusile Secondary.

Waqoqa; wagcwalisa amafomu okufaka isicelo sokwamukelwa ebangeni lesishiyagalombili.

Waphasa ibanga lesikhombisa ngamamaki aphezulu waphinda wamukelwa esikoleni iKusile Secondary.

U-Lihle ungenisiwe esikoleni iKusile Secondary. Izitshudeni bekumele zigqoke umfaniswano wazo ngoMsombuluko, ngoLwesibile nangoLwesine.

Ngolwesithathu bekuwusuku lwe-tracksuit, ngoba bekuwusuku lwezemidlalo.

Ngolwesihlanu bekuwusuku lapho abafundi bebegqoka izingubo zabo. Bekufanele bakhokhe amarandi amahlanu ukuze bagqoke ezabo izingubo.



ULihle wayejeziswa njalo ngokungafaki i-track suit ngoLwesithathu.

Akakaze abambe iqhaza osukwini ayezokwazi ukugqoka ngalo izingubo zakhe ngoba; wayengenamali futhi, wayengenazo izingubo ezibukekayo.

Wayegqoka umfaniswano owodwa isonto lonke. Izinto zafika kuvuthondaba ngesikhathi ngolunye uLwesithatu, ibhulukwe lakhe lidabukile ngemuva.

Abanye abafana babehlekisa ngenkathi abanye bemhleka.

Wakhetha ukulengisa ihembe lakhe ngapandle kwebhulukwe ukuvala ingxenye edabukile.

Lokhu kudale ukungqubuzana nothisha bakhe ngoba bekungavunyelwe esikoleni.

Ngaleyontambama, wakhuluma nabazali bakhe wabaqhazela ngokuthi impilo esikoleni ayibekezeleki.

Ubatshele ukuthi ukholwa wukuthi kumele ayeke ukuya esikoleni njengoba ehlupheka.

Ubaba wakhe ucele ukuthi abakhombise izincwadi zakhe zokuzivocavoca.



Uma ewahlola, uqaphele ukuthi uLihle uthole amamaki aphezulu emsebenzini wasekilasini, owasekhaya nowezivivinyo.

Wabe esethi, “Ndodana, wenza kahle kuzo zonke izifundo. Lokhu kuyinto ebalulekile kakhulu, konke okunye kuzodlula."

Unina wathi kuye, “Ukubekezela kuholela empumelelweni, imfundo yisona sikhali kuphela esinga kusiza ekuhluphekeni.”

U-Lihle uphendule wathi, “Ngiyakuqonda lokhu enikusho nobabili, kodwa ngiyahlupheka esikoleni. Ake ngiphumule unyaka owodwa uma sisazama ukuqoqa imali, ngemva kwalokho, ngizobuyela esikoleni ngonyaka ozayo. Ngizovusa ingadi, ngitshale, futhi ngidayise imifino, ngiphinde ngisize ubaba emsebenzini wakhe wokubaza.”

Ubaba wakhe wathi, “Ake ngihambe ngiyokhuluma nothishanhloko. Unyoko okwamanje uzolungisa ibhulukwe lakho elidabukile.”

Umnu Sakhile wahamba waya kubo KaMnu Msibi, uthishanhloko wesikole.

Uhlala endlini enezitezi ezimbili, uthango ludonga olwakhiwe ngamatshe asikiwe. Wama esangweni wathi: “Sikhulekilekhaya.”

Isango bese liqala ukuvula ngaphandle kokududulwa noma ukudonswa yinoma ngubani. UMnu Msibi ube eseqhamuka ezomamukela.



“Ngesikhathi ngibona isango livuleka lodwa, ngangicabanga ukuthi ngizolunywa ukufa uma kukhona izinja,” kusho uMnu Sakhile.

UMnu Msibi uphendule wathi “Bengipaka imoto egalaji; kodwa azikho izinja lapha.”

“Mehlo madala! Sekuyisikhathi eside ngakubona.”

“Lokho kuyiqiniso, ngigcine ukufika lapha ngesikhathi ngenza amasholofu egalaji lakho.” Kuphendula uMnu Sakhile.

Lapho sebehleli endlini, uMnu sakhile uchaze ubunzima abenabo ekuhlangabezaneni nezidingo zesikole zendondana yakhe.

“Manje umfana ucabanga ukuthatha ikhefu lokuya esikoleni, ukuze asinike isikhathi sokuthola imali.

Ngizophazamiseka uma lokho kwenzeka ngoba ungumfana ohlakaniphile. Futhi ngaphezulu kwalokho, umphakathi uzothini ngami?



UMnu Msibi uthe, “Ngizokusiza, inqobo nje uma eza ezosebenza lapha ngemuva kwesikole. Mtshele ukuthi eze ehhovisi lami, kusasa ekuseni.”

Ngesikhathi efika ekaya, wachaza konke kumkakhe nendodana, waphetha ngokuthi, "Kusasa ekuseni, kumele uqale ngokuya ehhovisi likathishanhloko."

Uthishanhloko umtshele okufanele akwenze uma efika kwakhe, wamthembisa ukuthi uzomthengela umfaniswano kanye ne tracksuit.

Ngakho-ke, kusukela ngalolo suku, uLihle wachitha intambama yakhe esebenza ekhaya likathishanhloko. Ngemigqibelo, ubeshayisa kuqala kunaphakathi nesonto.

UMnu Msibi ubenezingane ezimbili, uFundo noKhanyisile.

Ufundo wayekhulile kanti, uKhanyisile wayeneminyaka efanayo noLihle, futhi babesebangeni elifanayo.

UFundo no Khanyisile babefunda esikoleni iSiyakha secondary. Ngoba isikole besikude, bekumele bahambe ngetekisi.



Ngemigqibelo, uLihle ubejwayele ukusiza uKhanyisile ngomsebenzi wakhe wesikole.

Yize wayesebangeni eliphakeme, uFundo wayevame ukuncoma uLihle ngolwazi lakhe lweMaths neSayensi.

Bobabili uKhanyisile noLihle badlulele ebangeni leshumi nanye ekupheleni konyaka.

Ngesikhathi efunda ibanga leshumi nambili, isikhathi esining uLihle wasicitha emndenini wakwaMsibi.

Wayelinda ukuthi uKhayisile abuye esikoleni bese uyamsiza ngomsebenzi wakhe wesikole.

Yize ayengasebenzi ngesonto, wayezoya emndeninin wakwaMsibi, bafunde ndawonye noKhanyisile.

Waphasa ibanga leshumi namambili ngamalengiso KwiMaths, iSayensi neSingisi.

Izinkampani eziningi zamnika imifundazwe yokufunda eyunivesithi ayithandayo.

Wakhetha umfundaze owawuhlinzekwa yinkampani eyodwa enkulu ukuthi ayokwenza izifundo ze-Enviromental Engineering eyunivesithi yaseKapa.

Bakhokhela imali yokufunda, indawo yokuhlala, ukudla, izinto zokufunda, izincwadi nezokuthutha.

Bamthengela ithikithi lendiza, wahamba ngendiza okokuqala empilweni yakhe.

NgoJuni, wathumela uyise imali yokuqedela ukwakha indlu yakubo.



Wamtshela ukuthi imali yayivela kulondolozo alwenze ngemali yesikhwama ayithola kule nkampani.

Wayehlala ethumela imali yokuthenga ukudla, ukuze kungabi khona okuswelekayo ekhaya. U-Lihle uqede izifundo zakhe ze-Enviromental Engineering ngonyaka wesine.

Abazali bakhe bagibele indiza okokuqala ngqa; beyozibonela umcimbi wokuthwesa iziqu kwendodana yabo.

Inkampani yamnikeza umsebenzi esifundazweni saseNtshonalanga.

Kamuva, wadluliselwa ekubeni yinhloko yegatsha esifundazweini saseGauteng. Ngesikhati efika ekhaya ngamaholidi, wavakashela uMnu Msibi ukuzobonga ngosizo amnika lona esafunda eKusile Secondary.

Ubuye wakhela ubaba wakhe indawo yokusebenzela enkudlwana waphinde wamthengela nemishini kagesi.

Impela, ukubekezela kuzala impumelelo!

